


Nangu uMongi noSosi.

Bahamba nomalume, baya epulazini likababa uNgobe. Ungumngane kamalume.

Bajabulile!

Ilanga libalele.

Umalume, uMongi noSosi bayafika epulazini.

Bangena ngesango elivulekile ngemuva.






Umngane kamalume useceleni nengobo.
Uyakujabulela ukubabona.

“Sawubona, baba Ngobe,” kubingelela umalume noMongi.

USosi naye uyambingelela!

UMongi noSosi bajikeleza epulazini.

“Sosi, buka iponi elinobungane!” kusho uMongi.





“Buka, Sosi. Uyayibona ingulube odakeni?” kubuza uMongi.

USosi wabe esebona ikati odongeni. USosi ogangayo ufuna ukuligijimisa!

“Musa, Sosi!” kumemeza uMongi.

Ezama ukumisa uSosi.

Bobabili bawa odongeni, bangena odakeni!





“Maye! Udaka olungaka! Sidinga ukugeza, Sosi,” kusho uMongi.

“Kunamanzi eningageza ngawo,” kusho ubaba uNgobe.

Bayahleka nomalume.

Kuyajabulisa epulazini! Nanoma kunezingozi!